EYETHU UGU
20 Jan 2012, p.5

# Babuyelwe yithemba abaphila kanzima

UNGQONGQOSHE wezokuHlaliswa kwaBantu neMisebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natali, odabuka oGwini uMnu Ravi Pillay ushaqeke kwaphela nasozwaneni uma ebona izimo abantu abaphila ngaphansi kwazo oGwini ngoLwesihlanu olwedlule.

UNgqongqoshe uhambele amakhaya asingethwe ngabadla imbuya ngothi wase ethembisa ukwakhela izindlu imindeni yabadonsa kanzima. Omunye ohlonzwe njengodinga ukuphuthunyiselwa usizo kube nguNonhlanhla *Mtunjwa (78) ohlala* namalunga omndeni ayisishiyagalolunye endlini eyakhiwe ngodaka eBhobhoyi. Ukwakhiwa kwendlu yakhe kuzoqalwa ngayo inyanga kaMasingana (Januwari).

UNgqongqoshe ube esenikezela ngamaphasela okudla kulabo abantulayo.